# Hillcrest High School

IsiZulu 1st Additional Language

Ukuhlolwa KukaJuni 2016

Ibanga Lesishiyagalombili (Grade 8)

Iphepha lesibili (Paper II)

**Isikhathi:** 2 amahora **Umklomelo: 80**

Qaphela: Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuqala ukuphendula imibuzo.

Musa ukuxova imibuzo.

Phendula ngesiZulu esivumelekile.

Bhala ngobunono usebenzise ubhalomagama olusemthethweni.

**OKUHLE KODWA !!!**

## ISIQEPHU A

**1. Khetha ISIHLOKO ESISODWA kulezi ezilandelayo bese ubhala ngaso kufike emagameni angama-80 kuya kwayi-100.**

INCWADI YOBUNGANE

1.1 Esikoleni ukhethwe ukuba uyomela iqembu lesikole eKapa. Bhalela umama/ubaba wakho ohlala eGoli umcele imali yalolu hambo. Mchazele ngokubaluleka kohambo nokuthi uzodinga malini. [30]

INCWADI YOBUNGANE

1.2 Bhalela umngane wakho enanifunda naye emabangeni aphansi (Grade 7) nasenihlukana ngesikole. Mxoxele ukuthi uphatheke kanjani eHillcrest High School lapho usufunda khona. [30]

INGXOXO

1.3 Nizivakashele olwandle nabazali bakho. Usuhlangana nomngane wakho enanihlala naye eShowe abazali bakho bengakathutheli eMpangeni. Bhala ingxoxo ephakathi kwakho naye. [30]

INGXOXO

1.4 UMnumzane Panday ukubizele ehhovisi lakhe ukuzothetha icala ngoba ezwile ukuthi kukhona okubonile ngayizolo ngesikhathi sekhefu (break) Bhala ingxoxo phakathi kwakho naye. [30]

ISAMBA SESIQEPHU: 30

## ISIQEPHU B

2. Khetha abalingiswa ABABILI ubhale uxoxe ngabo uchaze ukuthi bangabantu abanjani ngokwencwadi.
Bhala amapuzu AMAHLANU ngomlingiswa emunye umchaza.

| | |
|---|---|
| 2.1 UDolo | (5) |
| 2.2 UGiza | (5) |
| 2.3 ULingo | (5) |
| 2.4 UDlamlenze | (5) |
| | [10] |

3. Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho EPHELELE.

(*Sekwedlule iminyaka eyela eshumini nesishiyagalombili uGiza aganwa nguDoli. Kusekamelweni likaGiza noDoli. Linombhede omkhulu oyidabuli, iwodilophu Kanye nenye ifenisha yasekamelweni. Avale umnyango ngokushesha bese ephonsa isikhwama sakhe pheze kombhede.*)

**Doli** : (*ehefuzela*) Ngeke ngisapholisa Maseko ngokude ngikhumula ngigqoka izingubo zasekhaya. Kuhle ngiyifunde khona manje nje le ncwadi engiyitholile. Ngagcina nini nje ukuthola incwadi ! Bonke abangani bami kabasazihluphi ngokubhala, bamane bangishayele ucingo nje. (*Athathe isikhwama phezu kombhede. Asivule akhiphe incwadi phakathi)* Kazi ivela kubani-ke yona le ncwadi? (*Eyibukusisa.*) Ngubani futhi lo osangibiza ngoDoli Dlamlenze? Igxotshwe isigxivizo saseMgungundlovu! Kungabe kukhona ofuna ukungimangaza yini namuhla? (*Ahlale phansi embhedeni ayivule.*) Kangusajwayele nokubhalelwa Nkosi yami. Le ncwadi nje iyangimangalisa. (*Agijimise amehlo kuyo, ahwaqe.*) Siyangethusa nje nalesi sibingelelo sayo. (*Afunde ngokuphimisel.*) Swidi lami lomkhuhlane.

| | | |
|---|---|---|
| 3.1 | Useneminyaka emingaki uDoli ashada noGiza? | (1) |
| 3.2 | Owakwabani isibongo lo Doli okhuluma yedwa lapha? | (1) |
| 3.3 | Ubani igama lo muntu owaphazamisa uDoli ngesikhathi esafunda le ncwadi? | (1) |
| 3.4 | UDoli wayevela kuphi ngalolu suku? | (1) |
| 3.5 | UDoli uthi yini emenza angakujwayeli ukubhalelwa izincwadi? Chaza ngamaphuzu AMABILI | (2) |
| 3.6 | Le ncwadi ayifundayo uDoli ivela kuphi? | (1) |
| 3.7 | Ubani igama lalo obiza uDoli ngeswidi lakhe lomkhuhlkane? | (1) |
| 3.8 | Bhala lesi simo senkulumo ngesiZulu esijwayelekile. | |
| | 3.8.1 Ngeke ngisapholisa amaseko. | (2) |
| | 3.8.2 Swidi lami lomkhuhlane. | (2) |
| 3.9 | Ngokucabanga kwakho yini le edala ukuba uDoli avale umnyango Ngokushesha uma esefunda incwadi? Chaza ngamaphuzu AMABILI | (2) |

[14]

4.

**Weta**: Ngicela ningilinde nje, kuzofika emuva kwesikhashana.

**Doli**: Hhayi, ngimdala namhlanje! (*Aqalaze indlu yonke* .) Indawo ephambili kangaka! (*Abuke uThwathwa ngokumangala.*) Kanti usebenza kuphi Thwathwa ? Ngibuziswa izindawo eziphambili kangaka ongena kuzo. Kawubheke nje unyanyavu lolu ohamba ngalo oluwuhlobo olungajwayelekile lapha. Cha, kusobala ukuthi owawuwufuna wawuthola.

**Thwathwa**: Ngingudokotela Doli. Yonke le minyaka ngipheshe ya, kuzo zonke izinkinga ezangihlasela, bengilwa neziqu zobudokotela. Nokho ngiyajabula ngoba ngazithola.

**Doli**: (*ngokungakholwa*) Ungudokotela Thwathwa?

**Thwathwa** : Kawukholwa yini, Doli?

**Doli**: (*egwajaza*) Ngiyakholwa, into nje ngiyamangala.

**Thwathwa**: Kanti-ke usamangaliswe wubala. Kuningi Doli okusazokumangalisa. (*Kufike uweta alideke itafula kuthule umoya.Athi angaqeda baqale ngokuzitika.*)

**Doli**: Hhayi Thwathwa wusuku lokukhunjulwa ngempela lolu.

**Thwathwa**:Ngiyajabula uma kuyoba njalo. (*Egqolozela uDoli emehlweni*) Ake usho njalo Doli bo, usebenza musebenzi muni umyeni wakho? Ngifuna nje ukwazi, kakukho lutho olunye .

**Doli**: Uyimenenja khona lapha eThekwini, kwa-African Insurance Company.

**Thwathwa**: Ngumsebenzi omuhle lowo.

**Doli**: Ake ungitshele kodwa kwase kwenzenjani sewunyamalala kangaka? Mina ngasengize ngadela nje ukuthi ngiyoke ngibuye ngikubone kwelimagade usaphila. Yaba yimbi kabi le nto owayenzayo. Ngaba sabhale kawaphendula.

| | | |
|---|---|---|
| 4.1 | Bakuphi nendawo laba abaxoxa kulesi siqephu? | (1) |
| 4.2 | UThwathwa ufundele umsebenzi wokwenzani? | (1) |
| 4.3 | Ubani igama likamyeni kaDoli? | (1) |
| 4.4 | UThwathwa wafunda iminyaka emingaki phesheya kwezilwandle? | (1) |
| 4.5 | Unasiphi isikhundla umyeni kaDoli lapho esebenza khona? | (1) |
| 4.6 | Ibizwa ngokuthini inkampani ayisebenzelayo uGiza? | (1) |
| 4.7 | UThwathwa uthi wakufundelaphi ukuba udokotela? | (1) |
| 4.8 | UDoli wenza musebenzi muni? | (1) |
| 4.9 | Wayekuphi uGiza ngalesi sikhathi uDoli ehlangana noThwathwa? | (1) |
| 4.10 | Uma ucabanga yini eyenza uDoli angakholwa ukuthi uThwathwa usenguDokotela? Chaza ngamaphuzu amabili. | (2) |
| 4.11 | Yini uDoli ayenzela umndeni wakhe ngesikhathi efika ekhaya evela ehhotela? | (2) |
| 4.12 | UDoli wayethi ufuna ukumbonelani uThwathwa emva kweminyaka emingaka anyamalala? | (2) |

[15]

4 Phendula le mibuzo ngokugcwalisa ngegama elifanele. Bhala impendulo KUPHELA

4.1 Igama lenyanga edumile yangakubo kaGiza u_____ Mtshali. (1)

4.2 UThwathwa wayehlala elokishini lase______ eMgungundlovu. (1)

4.3 Umzala kaGiza u_____ ogane uThemba Hlatshwayo. (1)

4.4 UThwathwa waboshwa iminyaka eyi- _______. (1)

4.5 ULingo wayengu _____ eqenjini lakhe lebhola. (1)

[5]

5 Phendula le mibizo ngokuthi IQINISO noma IPHUTHA

5.1 Umama kaDoli uMaNkosi. (1)

5.2 Umalume kaGiza wayehla elokishini lasoGedleni. (1)

5.3 Uthisha uMasondo wayefundisa uLingo ustandadi-2. (1)

5.4 UDoli wahlangana noThwathwa epaki ngeSonto. (1)

5.5 UDoli wathola incwadi eposini ngesikhathi uGiza esezifundweni eGoli. (1)

5.6 ULingo wayeseneminyaka eyishumi nesishiyagalombili ngesikhathi umama wakhe ethola incwadi evela kuThwathwa. (1)

[6]

ISAMBA SESIQEPHU: 50

ISAMBA SESISONKE: 80